
#nalibaliwrad2024

# Usuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale





## NoNal'ibali

Hlanganyela nezinkulungwane zababambiqhaza njengoba sifunda ngokuzwakalayo indaba yethu ekhethekile ezinganeni eziningi ngangokunokwenzeka kulolu Suku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale, ngomhla ka-**7 kuNhlolanja 2024** – nansuku zonke – futhi ube yingxenye yokukhuthaza ukufunda eNingizimu Afrika! Indaba yethu ekhethekile, ethi *Ikati Elincane Elilahlekile*, ibhalwe nguStacey Fru futhi yafakwa imifanekiso nguRico. Indaba iyatholakala ngezilimi ezingu-11 zaseNingizimu Afrika. Ungafundela ingane indaba ngokuzwakalayo eneminyaka engu-6 nangaphezulu. Mayelana nezingane ezisencane, sebenzisa ikhadi lethu lezindaba elikhethekile elithi **Usuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale Lwabasebancane**.



### Lungiselela ukufunda indaba kuzwakale

- Yazi kahle indaba kangangokuba ukwazi ukuphinde uyixoxe noma uyifunde kuzwakale ngendlela yakho.
- Cabanga ngendlela ongayenza ngayo iphile indaba. Nquma ukuthi yikuphi ukunyakaza kobuso nokomzimba ofuna ukukusebenzisa.
- Khetha isikhathi osukwini ukuze uxoxe indaba lapho umndeni wakho wonke uhlangene.
- Thola izingxenye zendaba lapho izingane zakho zingahlanganyela khona, isibonelo, zingenza imisindo eyenziwa yikati elincane nenja.
- Prakthiza ukuxoxa noma ukufunda indaba kuzwakale.



### Ngaphambi kokuba ufunde indaba izwakale

- Funda isihloko sendaba. Buza izingane zakho ukuthi zicabanga ukuthi indaba iphathelene nani.
- Buza imibuzo ezozisiza ziqonde imiqondo nemizwa yabalingiswa abasendabeni.

**Imibono okungaxoxwa ngayo:** Ingabe wena noma othile omaziyo ufuye isilwane sasekhaya? Ubungazizwa kanjani uma isilwane sasekhaya silahlekile? Yini obungayenza ukuze usithole isilwane sasekhaya esilahlekile? Ubungazizwa kanjani lapho usuphinde wasithola?



### Lapho ufunda indaba kuzwakale

- Njengoba ufunda indaba, buza izingane zakho imibuzo ngayo. Ukuthi *"Nicabanga ukuthi yini ezokwenzeka ngokulandelayo?"* kungumbuzo okahle kakhulu wokuthuthukisa amakhono ezingane okubona izinto kusengaphambili, okungamakhono abaluleke kakhulu okufunda nokubhala.
- Zenze zihlanganyele ngokwenza imisindo eyenziwa yizilwane.





Yenza isithembiso sokufunda kuzwakale ndawonye njengomndeni kulolu **Suku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale** – nansuku zonke. Bhalisa ku **www.nalibali.org** noma uthumele nge-WhatsApp igama elithi **"WRAD"** ku **0600 44 22 54**. Umndeni ngamunye obhalisayo uzoba nethuba lokujoyina **umkhankaso womndeni wokufunda woSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale leNal'ibali**. Uzothola izindaba ezengeziwe kanye namacebiso nemibono yendlela ongafunda ngayo nezingane zakho unyaka wonke.

# Ikati elincane elilahlekile

Indaba nguStacey Fru ◎ Imidwebo nguRico



NgoLwesihlanu ntambama, uNeo noBella babedlala engadini yakubo kaNeo. UNoodle wayezilalele ngokuthula elangeni.

Kungazelelwe, uNoodle wagxuma futhi waqala ukukhonkotha. *Wu, wu, wu!*


"Kwenze njani, Noodle?" kubuza uBella.



Base bezwa omunye umsindo ovela ohlathini. *Miyawu, miyawu, miyawu!* Ikati elincanyana elijinja lanwabuzela liphuma ehlathini. UBella washesha waya kulo wafike walithatha ngobunono obukhulu. "Bheka ubuso balo obuhle obugcwele uboya," esho ebonisa uNeo.

"Futhi linomgexo omuhle oluhlaza okwesibhakabhaka entanyeni," kusho uNeo.

UNoodle naye wayefuna ukubona, kodwa ukukhonkotha kwakhe kwalethusa ikati elincane, ngakho uNeo noBella balingenisa endlini.



"Mama, Baba, bhekani! Sithole ikati elincane engadini!" kumemeza uNeo njengoba begijimela egunjini lokuphumula.

"Sicabanga ukuthi lilahlekile, kodwa kumele ukuthi lingelomuntu othile ngoba linomgexo oluhlaza okwesibhakabhaka entanyeni," kusho uBella.

UBaba waphakamisa ikhanda encwadini ayeyifundela uMbali. "Kumele sizame ukuthola abanikazi. Cishe bakhathazeke kakhulu ngokuthi balahlekelwe yikati labo," esho.

"Sekwephuze kakhulu ukubathola manje ebusuku," kusho uMama. "Kodwa kusasa ekuseni singenza amaphosta ekati elincane elilahlekile futhi siwachome. Mhlawumbe umnikazi uzowabona amaphosta."

Lapho uMama eyisa uBella noNoodle ekhaya, uNeo wathola ibhokisi lezicathulo nejezi elidala wenzela ikati elincane umbhede ofudumele ngalo. UBaba walifunza ukudla futhi walinika amanzi ahlanzekile ngendishi enkulu. Ngokushesha isisu sekati elincane sase sigcwele phama ukusutha futhi lalala zwi.



Ukuze uthole izindaba ezengeziwe, yiya ku www.nalibali.org noma uthumele nge-WhatsApp igama elithi "stories" ku 0600 44 22 54.

NgoMgqibelo ekuseni, uBella wafika entathakusa. "Ngize nephepha namakhrayoni okwenza iphosta," kusho uBella njengoba egona ikati elincane.

"Masiqale!" kusho uNeo.

Lapho nje sebenze amaphosta amane, uBaba wathi, "Ngicabanga ukuthi sekwanele. Masihambe siyowachoma."

Okokuqala baya elayibhrari, base beya esitolo, futhi lapho sebebuyela ekhaya umakhelwane wabavumela ukuba bachome iphosta esangweni lakhe. Bagcina iphosta eyodwa futhi bayichoma ebhodini lezaziso lasesikoleni ngoMsombuluko.



NgoLwesibili ntambama, uNeo, uBella, uNoodle nekati elincane babedlala egunjini lokuphumula. *Qoqoqo!* Kwakunomuntu emnyango.

UNeo wagijima wayovula umnyango.

"Ubani lowo, Neo?" kubuza uBella.

UNoodle wakhonkotha ngenjabulo.

Umsindo wethusa ikati elincane laze lagijima layocasha ngaphansi kukasofa.

"Sawubona," kusho uNeo lapho ebona intombazane ayengakaze ayibone phambilini imi emnyango.

"Sawubona, igama lami ngiguGina," kusho le ntombazane. Yayibukeka ikhathazekile. "Ngibone iphosta yenu elayibhrari. Ngicabanga ukuthi ikati elincane enilitholile ngelami. Igama lalo nguGinger futhi linomgexo oluhlaza okwesibhakabhaka entanyeni."



Inhliziyo kaBella yathi ukugxuma kancane. Empeleni wayefuna ukuligcina leli kati elincane, kodwa wayazi ukuthi uGina kumele ukuthi wayekhathazeke kakhulu ngekati lakhe elincane. "Ngena," kusho uBella.

Kodwa lapho beya egunjini lokuphumula, ikati elicane lalingabonwa nangokhasha. "Hhayibo kahleni!" kusho uBella. "Kungabi ukuthi seliphinde lalahleka futhi ikati elincane!

UNeo, uBella noGina balicinga yonke indawo egunjini lokuphumula, kodwa abalitholanga nhlobo ikati elincane. UGina wabukeka edabuke kakhulu.

Base bezwa uNoodle ekhishini. *Wu, wu!* Lokhu kwalandelwa *NGUKUBHAKLAZEKA* okukhulu!

Izingane zaphuthuma ekhishini. Nalo lihleli lapho ikati elincane. Lalishayise indishi yamanzi yawa ngenkathi uNoodle ekhonkotha futhi manje lase limanzi nte.



UBella walithi thasi futhi walomisa ngokushesha. Wabe eselinika uGina, *Nyawu, nyawu, nyawu.* Ikati elincane lalijabule kakhulu!

"Ginger! Bengikukhumbula," kusho uGina egona ikati lakhe elincane. Naye wajabula kakhulu. "Ngiyabonga ngokulinakekela kahle kangaka, Bella noNeo."

"Ngiyajabula ukuthi ulitholile ikati lakho elincane," kusho uBella. "Kodwa ngidabukile ukuthi ngeke sisaphinde simbone uGinger."

UNeo wagaxa uBella ehlombe. Wayebona ukuthi wayesezokhala.

"Ungakhathazeki!" kusho uGina. "Sihlala khona lapha eduze. Namukelekile ukuvakashela uGinger noma nini lapho nithanda."

Ubuso bukaBella bachachamba. "Siyabonga!" esho. "Mina noNeo singathanda ukuvakasha kusasa ntambama."

"Kodwa," kusho uNeo, "Ngicabanga ukuthi uNoodle kufanele asale ekhaya." Bonke bavuma ukuthi lona cishe kwakungumbono omuhle kakhulu.



**Ngemva kokufunda indaba ndawonye, xoxani ngokuthi yini eyenzekile endabeni. Buza imibuzo ukuze ukhuthaze izingane zakho ukuba zicabange futhi zikhulume ngemibono ehlangene nendaba, isibonelo, "Iyiphi ingxenye oyithanda kakhulu kule ndaba?" Uma unezingane ezithe ukuba zindala, zikhuthaze ukuba zithole ulwazi olwengeziwe ngezinhlobo ezahlukahlukene zezilwane zasekhaya kanye nendlela yokuzinakekela.**

## Yenza indaba ihlabe umxhwele!

- Dweba isithombe sengxenye oyithanda kakhulu yale ndaba.
- Kungani ungazami ukuyilingisa le ndaba noma ingxenye yayo ukanye neqembu labangane bakho nomndeni? Ungaba ngisho nothile ongazenza sengathi unguGinger noNoodle. Ngezenzo, amazwi namaphimbo yenzeni ihlekise!
- Yenza iphosta yesilwane sakho sasekhaya noma yesilwane sasekhaya ongathanda ukuba naso. Dweba isithombe sesilwane sakho sasekhaya. Bhala noma ucele ukuba othile akusize ubhale ubungako, umbala negama lesilwane sakho sasekhaya.







Bonisa izithombe namavidiyo akho nezingane zakho nijabulela uSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale nemidlalo yakhona **#nalibaliwrad2024** engosini yethu yezokuxhumana!

TheNalibaliChannel | nalibaliSA | @nalibaliSA | @nalibalisa
@nalibalisa | nalibalisa | The Nal'ibali Trust | +27 64 801 5496

**INal'ibali (igama lesiXhosa elisho ukuthi "nayi indaba") umkhankaso kazwelonke wokujabulela ukufunda. Isifiso sethu ukubona iNingizimu Afrika lapho ingane ngayinye ijabulela ukufunda indaba nsuku zonke.**



Nal'ibali
KUQALA NGENDABA EXOXWAYO.

IsiZulu